

THE APOSTOLIC FAITH MISSION
OF SOUTH AFRICA

# NEWSFLASH

**With isiZulu Translations**

4 APRIL 2025

# AFM Colleague,

## 1. CELEBRATING 29 YEARS OF UNITY

On 5 April 2025, we are again celebrating our **Unity** as the AFM of SA.

Some of us still remember the days when we were pushed aside because of our Pentecostal beliefs. When we were discriminated against and struggled to find land to build churches. Many of our members, although better qualified, were not allowed to lead, serve, or be promoted in certain positions and job opportunities, because they were in the wrong church.

Here we are today, by God's Grace – one of the biggest denominations in South Africa with 1,807 registered assemblies and 2,578 ordained Pastors. By Grace, we are still growing, planting new assemblies, and training hundreds of students for ministry.

Most of us still remember the hard and emotional journey that we travelled up to the 5th of April 1996 when we came together in Centurion to confirm our structural unity after many years of division. Now, 29 years later, we function in our 43 Regions across South Africa as ONE AFM church. We do so humbly, in acknowledgement of those who worked hard for this unity, and in recognition of the fact that our unity remains a work in progress.

We take note with sadness of the decline of some denominations in our country and the struggles others still have to obtain unity.

## RESOURCES / IZINSIZA

**Social Media Announcement: Join us on TikTok (*@theafmofsa*):**
https://www.tiktok.com/@theafmofsa?_t=ZM-8uGABVIPKAH&_r=1

**AFM of SA Calendar 2025:**
https://afm-ags.org/2025-afm-of-sa-calendar/

**Connect with Us:**



While we pray for them, we are also prayerfully thankful for our unity and our growth as a church. We acknowledge that none of it would be possible or continue to be possible without God's Word as our highest authority and guiding light and the grace and presence of God, the Father, the Son and the Holy Spirit in our lives and churches.

Let us continue to take our place as followers of Jesus in South Africa, let us treasure and deepen our unity, let us continue to endevour to be servants of God who correctly handles the Word of Truth and proclaim the Gospel of His Love and Grace.




Mhla ziyisi-5 kuMbasa, sizophinde sibungaze ubunye bethu njenge-AFM yaseNingizimu Afrika.

Abanye bethu basakhumbula izinsuku lapho sasibekelwa eceleni ngenxa yenkolelo yethu ekusebenzeni kuka-Moya. Ngalesosikhathi sasibandlululwa futhi kunzima ukuthola izindawo zokwakha izindlu zamasonto. Iningi lamalungu ethu, noma ayeqeqesheke kangcono, ayenqatshelwa ukuba ngabaholi, ukusebenza, ukukhushulelwe ezikhundleni ezithile nokunikwa amathuba emisebenzi, ngenxa yokuthi ayesebandleni elingamukeleki.

Namuhla silapha, ngoMusa KaNkulunkulu. Singelinye lamaSonto amakhulu eNingizimu Afrika elinamabandla abhalisiwe ayi-1807 kanye nabeFundisi abagcotshiwe abayizi-2578. NgoMusa sisaqhubeka ukukhula, sitshala amabandla amasha, futhi siqeqesha amakhulu abafundi ababizwe nguNkulunkulu.

Iningi lethu lisakhumbula uhambo lwethu olwalunzima futhi lunobuhlungu esalihamba kwaze kwaba ngomhla zizi-5 kuMbasa 1996 lapho sahlangana khona eCenturion ukuze siqinisekise ubunye bethu ngokwezinhlaka zeBandla ngemuva kweminyaka eminingi sehlukene. Manje, ngemuva kweminyaka engama-29, sisebenza ezifundeni zethu ezingama-43 eNingizimu Afrika yonke njengebandla ELILODWA le-AFM. Lokhu sikwenza ngokuzithoba, sibonga labo abasebenza kanzima ukuze sizuze ubunye, futhi sikhumbula ukuthi ubunye bethu busengumsebenzi oqhubekayo.

Kungokukhulu ukudabuka ukubona amanye amaSonto ezweni lakithi elahlekelwa ngamalungu awo kanye nalawo asesemzabalazweni wobunye. Nakuba sibathandazela, siphinde silethe ngomthandazo ukubonga kwethu ngobunye bethu nokukhula kwethu njengebandla. Siyavuma ukuthi konke lokhu bekungeke kwenzeke noma kuqhubeke nokwenzeka - ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu elinegunya eliseqophelweni eliphezulu neliwukukhanya okusiqondisayo futhi bekungeke kwenzeke ngaphandle koMusa nobukhona bukaNkulunkulu, uBaba, iNdodana noMoya oNgcwele ezimpilweni zethu nasemabandleni.

Masiqhubeke nokwenza indima yethu njengabalandeli bakaJesu eNingizimu Afrika. Masiqhubeke nokugcina ubunye bethu njengento eligugu futhi siqhubeke nokusimamisa ubunye bethu. masiqhubeke nokuphokophela ukuba yizinceku zikaNkulunkulu eziphatha kahle iZwi leQiniso futhi simemezele iVangeli Lothando Nomusa Wakhe.




## 2. NOB EMPOWERMENT 2025 – YOU ARE INVITED




**Sustaining the Fire!**

We are looking forward to visiting and spending time in ministry and impartation with Regional Pastors, Assembly Leaders, Governing Body Members, Departments and Members during the Regional Empowerment Visits. The Theme for 2025 is: Sustaining the Fire!

"Sustaining the Fire" means staying passionate and committed to the presence and work of the Holy Spirit in our lives. Just like a fire needs fuel to keep going, we need to continually feed our spiritual lives

with prayer, worship, reading the Word, and walking in obedience to God. The Holy Spirit's fire represents His power, guidance, and presence, which keep us spiritually alive, strong, and effective. When we keep this fire burning, we stay connected to God, **energized for His purpose**, and ready to impact the world with His love and truth. “Never let the fire in your heart go out. Keep it alive. Serve the Lord.” Romans 12:11 (NIRV)

## 2. UKUVAKASHA KOBUHOLI BUKAZWELONKE NGENHLOSO YOKUNIHLOMISA KULONYAKA WEZI- 2025 - UYAMENYWA

**Ukugcina Umlilo uvutha!**

Sikubheke ngabomvu ukunivakashela nokuba nesikhathi sokucobelelana nabeFundisi eziFundeni, Abaholi abangagcotshwanga baMabandla, Ubuholi bamaBandla, Iminyango ye-Bandla ephathiswe izinkonzo ezikhethekile, kanye namaLungu eBandla. Inhloso yokuhambela iziFunda iwukuzihlomisa. Isihloko esizokhulumela phezu kwaso kulonyaka wezi-2025 sithi: Ukugcina Umlilo uvutha!

"Ukugcina Umlilo uvutha " kusho ukuhlala sinomdlandla futhi sizibophezele emsebenzini nasekuqikekeleni ubukhona bukaMoya oNgcwele ezimpilweni zethu. Njengoba nje umlilo udinga izinto zokuwubasa ukuze uhlale uvutha, nathi sidinga ukuqhubeka nokondla impilo yethu yokomoya ngomthandazo, ngendumiso, ngokufunda iZwi, nangokumlalela uNkulunkulu. Umlilo kaMoya oNgcwele usho amandla, isiqondiso, kanye nokuba khona kuka-Moya oNgcwele, ukusigcina siphila emoyeni, sinamandla, futhi sisebenza ngempumelelo. Uma sigcina lomlilo uvutha, lokhu kuzosenza sihlale sixhumene noNkulunkulu, sinogqozi ngalokho okuhloswe nguNkulunkulu, futhi sibe-sesimeni sokuba nomthelela emhlabeni ngokugqugquzela uthando lukaNkulunkulu neqiniso. “Ekukhuthaleni ningenqeni, nivuthe emoyeni, nikhonze iNkosi;” ( KwabaseRoma 12:11-ZUL59).



During the 2025 NOB Regional Visits, the following topics will be addressed:
Divine Healing, Church Growth, Evangelism and Missional Action to Impact the Next Generation.

There will also be a session specifically for Pastors and their spouses, focusing on “**Balancing Life and Ministry**”. Please ensure that you plan your schedule in such a way that you will be part of this engagement.

Ngesikhathi sokuvakashelwa kwe-Zifunda kulonyaka wezi-2025 UbuHoli beHhovisi likaZwelonke buzodingida lezizihloko ezilandelayo:
Ukuphiliswa okwenziwa nguNkulunkulu, Ukukhula KweBandla, Ukuvangela, ukubonakalisa uthumo lwethu, nokuba nomthelela esizukulwaneni esilandelayo.

Kuzophinde kube nesikhathi esiqondene ngqo nabefundisi kanye nabashade nabo, esizogxila kakhulu "Ekulingalinganiseni Impilo Nobizo". Sicela uqinisekise ukuthi uhlela uhlelo lwakho ngendlela yokuthi ukwazi ukuba yingxenye yaleseshini.




Kindly take note that the dates and venues of the 2025 NOB Empowerment Visits have been confirmed:

Sicela wazi ukuthi izinsuku nezindawo zokuvakasha koBuholi leHhovisi likaZwelonke ngonyaka ophezulu wezi-2025 ngenhloso yokuhlomisa sezikhishiwe:

## NOB EMPOWERMENT DATES:

| | | |
|---|---|---|
| **APRIL 11-12** | **Gauteng** | Doxa Deo Raslouw (Centurion) |
| **APRIL 11-12** | **North West** | Oase Gemeente (Klerksdorp) |
| **MAY 9-10** | **Northern Cape** | AGS Lofoord Upington |
| **MAY 9-10** | **Eastern Cape** | Lighuis Christelike Sentrum Despatch |

The Programme for Friday and Saturday is also available from our website:
https://afm-ags.org/category/events/

We are looking forward to seeing you there!

---

Uhlelo lwangoLwesihlanu nangoMgqibelo luyatholakala nakusizindalwazi sethu:
https://afm-ags.org/category/events/

Sibheke ngabomvu ukukubona lapho!

Friendly Regards! | Ozithobayo!
Henri Weideman




THE APOSTOLIC FAITH MISSION OF SOUTH AFRICA

**National Office**
Building no. 14, Central Office Park, 257 Jean Ave, Centurion, Gauteng, South Africa
P.O. Box 9450, Centurion, 0046
Tel: +27 12 644 0490 | Fax: +27 12 644 0732/4
www.afm-ags.org

Connect with Us: YouTube